



UKUBIKA UKUNGAPHATHWA KAHLE KWEZILWANE

“Umhlaba uyindawo eyingozi,
kungasibo abenzi bobubi
kuphela kodwa nalabo
ababonayo bangenzi lutho
“Albert Einstein”.

Issued by the National Council of SPCAs
P.O. Box 1320, Alberton 1450
Tel: 011 907 3590
Fax: 011 907 4013
E-mail: nspca@nspca.co.za
Website: www.nspca.co.za

Imininingwane elandelayo yenzelwe ukusiza umphakathi ofuna ukubika ngokungaphathwa kahle kwezilwane.

Izinombolo zocingo zamahovisi aseduze akwa SPCA ziyatholakala ezincwadi zocingo ngaphansi kwesihloko esithi "umkhandlo ogwema ukuhlukunyezwa kwezilwane noma SPCA.

Amalungu omphakathi ngesinye isikhathi ayakubona ukuhlukumezeka kwezilwane ashayele noma azise abakwa SPCA.

Noma nje ngesinye isikhathi banganikezeli ngokuphelele abakubonayo ukuthi umhloli obekwe ecaleni akwazi ukuhlolisisa kahle, noma icala lingatholakala kodwa lokho kwenza isigwebo singaqini ngenxa yolwazi olunganele.

Ngakhoke, kumele wenzenjani uma uba ufakazi noma ubona ukuhlukumezeka kwezilwane?

Kusobala ukuthi amacala awafani kodwa kubalulekile ukuthi kwenzeke ubulungiswa. Naku okumele ukwenza uma ubona ukuhlukunyezwa kwezilwane.

- Okokuqala, uma ngabe ukuhlukunyezwa ungakunqanda ngalesosikhathi, kunqande, uma ngabe ihhashi nomainja iyashaywa kabuhlungu, ngenelele ngokucophelela.
- Kungenzeka loyo ohlukumeza isilwane abe nomsindo kulowo osuke ezama ukusiza isilwane.
- Ungathatha izithombe noma kungenzeke njalo ukuze zisetshenziswe njengobu fakazi.

Ungafuna ukushayela abakwa SPCA ucingo

Ngaphambi kokwenza lokho kumele uzimisele ukuphendula yonke imibuzo ozobuzwa yona.

- Igama lakho, ikheli, izinombolo zocingo. Lokho kubalulekile ukuze kugcinwe futhi uzokwaziswa ngomphumela. Kuyagcizelelwa ngokomgomo wakwa SPCA ukuthi kuzoba yimifihlo. Amagama wabantu abashayile awanikwa muntu ngaphandle kwemvume yabo.
- Amagama, ikheli, nocingo lomuntu/abantu othintekayo.
- Usuku, isikhathi nendawo lapho kwenzeke khona.
- Amagama, ikheli, nocingo lwawo fakazi.
- Izinombolo nohlobo lwemoto ethintekayo.
- Unike imvume ukuthi uzoba ufakazi enkantolo.

Ubese usho ngokusobala okubonile, kube yiqiniso noma ubuhlungu ongakwazi ukububika. Lokho kubalulekile ngoba ubuhlungu bungenza ushiye okunye. Ungesaba ukuba yinxenye yobulungiswa.

Uma kukuzwise ubuhlungu ngaleyondlela ukuthi ubike ngalesenzo kuqaleni, kumele uzinikele ukusiza ukuthi abenzi bokubi bajeze.